16 August 2022

To:

Clergy, Religious and Lay faithful,

The Bishops of the Southern African Catholic Bishops Conference are concerned about the many challenges facing us in the country. Therefore, they are inviting you to seek God's guidance and healing in addressing all these challenges facing us today. God is the only answer to all our problems.

KubaPriste, iziNdela namakholwa,

AbaBhishobhi bamaKhatholika aseNingizimu Afrika, bakhathazekile ngezinkinga esibhekene nazo kulelizwe. Ngakho-ke bayanimema ukuba sithandaze sicele uNkulunkulu ukuba asisize asixazululele lezinkinga esibhekene nazo. UNkulunkulu uyena kuphela isixazululo ezinkingeni zethu.

+ MSJwara


Archbishop Mandla S. Jwara CMM

**Southern African Catholic Bishops' Conference**

## PRAYER CAMPAIGN FOR SOUTHERN AFRICA

*We, your Bishops, invite you, Brothers and Sisters, to join with us in reciting this prayer daily in your homes, schools, at gatherings and at the end of Mass especially on Sundays. We ask that this prayer campaign be launched on the solemnity of the Assumption of Our Lady – 21 August – until further notice.*

**Merciful Father,**
**send forth your Spirit upon us the people of Southern Africa.**
**May we hear anew the voice of Jesus Christ,**
**inviting us to walk with him across the turbulent waters of our time:**
**"Courage, it is I. Do not be afraid."**



**By the grace of the Holy Spirit empower us**
**to bring comfort to the restless,**
**hope to those who despair,**
**healing to victims of violence,**
**and reconciliation where there is division.**

**May the Holy Spirit heal our families and communities.**
**Grant us ethical and courageous leaders**
**who put the good of the people before their own interest.**

**In the Name of the Father, and of the Son and of the Holy Spirit**
**we commit ourselves to speak the truth with courage,**
**to act justly in all we do,**
**to share with those in need**
**and always and everywhere to respect your gift of life**
**as we strive to proclaim the values of the Kingdom**
**in solidarity with all people of goodwill.**
**Amen.**

Khanya House, 129 Main Street, Waterkloof, 0181 Pretoria; P.O. Box 941, Pretoria 0001, South Africa.
Tel: +27 (12) 323 6458, Fax: +27 (12) 326 6218, E-mail: sacbcgen@sacbc.org.za

**UMKHANKASO WOKUKHULEKELA ININGIZIMU NE-AFRIKA**

Thina, abaBhishobhi benu, siyanimema, Bafowethu noDadewethu, ukuba nihlanganyele kanye nathi ukukhuleka lomkhuleko nsukuzonke emakhaya, ezikoleni, lapho nihlangene khona nasekupheleni kweMisa ikakhulu ngamasonto. Siyacela ukuthi lomkhuleko uqalwe ngesonto lomkhosi wokwenyuselwa kukaMaria ezulwini, 21 August 2022 – kuze kube niyatshelwa isinyathelo esilandelayo.

**Umkhuleko**

*Baba onesihawu,*
*Siyakucela uthumele uMoya wakho kithina bantu baseNingizimu ne-Afrika. Sengathi singezwa kabusha iZwi likaJesu Kristo, esimema ukuba sihambe kanye naye sinqamule kulesivunguvungu sobunzima besikhathi esikuso. Masimuzwe uJesu ethi kithina: "Qinani, yimina, ningesabi!"*

*Ngegrasiya loMoya Ocwebileyo, siphe amandla silethe induduzo kwabakhathazekile, ithemba kulabo abaphelelwe amandla, ukusinda kulabo abayizisulu zodlame nezimpi, nokubuyisana lapho kunoqhekeko nokungezwani. Sengathi uMoya Ocwebileyo ungelapha uphilise imindeni nemiphakathi yethu.*

*Siphe, Nkosi, abaholi abaqotho, abalungile nabasesibindi sokumela okwakhayo nokulungile. Abaholi ababeka phambili izimpilo nenhlalakahle yabantu kuqala ngaphambi kwezinhloso zabo.*

*NgeGama likaYise, neleNdodana neloMoya Ocwebileyo siyazinikela uqobo lwethu ukuba nesibindi sokukhuluma nokumela iqiniso, ukuba nobulungiswa kukhona konke esikwenzayo, ukwabelana nabasweleyo, nokuthi njalo lapho sikhona, noma kukuphi, sihloniphe isipho sakho sempilo njengoba siphokophele ukumemezela nokugqugquzela amagugu ombuso wezulu sibambisene nabobonke abantu abanentando enhle. Amen.*